ISICHAZAMAZWI SABAHUMUSHI

## 1. Astronomy terminology: English - isiZulu

| English | Isizulu | Term usage example |
|---|---|---|
| **Universe** | **uMkhathilibe** | **Cishe konke esikwaziyo, kuqukethwe kumkhathilibe.**<br>*Nearly all we know is part of the universe.* |
| **Space** | **uMkhathi** | **Emkhathini kuhlwa ngezinkanyezi.**<br>*In space night comes with stars.* |
| **Galaxy** | **uMthalakazi** | **Igama lomthalakazi wethu kuthiwa umzilafasimbe**<br>*Our galaxy name is the Milky Way* |
| **Star** | **iNkanyezi** | **Ilanga lethu liyinkanyezi eseduze nathi.**<br>*Our sun is a star closer to us.* |
| **Constellation** | **iSishomo** | **Isishomo impambano sinezinkanyezi ezigqamileyo.**<br>*The Orion constellation has bright stars.* |
| **Milkyway** | **uMzilafasimbe** | **Umzilafasimbe ubuye ubizwe ngokuthi umthala ngesintu.**<br>*The Milky Way is also called umthala in isintu*. |
| **Meteor** | **iQhumanyezi** | **Amaqhumanyezi hlezi ekhanyisa isibhakabhaka ebusuku.**<br>*Meteors always brighten the sky at night.* |
| **Asteroid** | **uMhlabana** | **Umhlabana wagadlazeka emhlabeni kwavela isigqabhozi.**<br>*The asteroid impacted earth and a crater appeared.* |
| **Comet** | **uBhaqanyezi** | **uBhaqanyezi luyinkanyezi enobhaqa noma enomsila okhazimulayo.**<br>*The comet is a star with a torch or bright tail.* |
| **Moon** | **iNyanga** | **Inyanga ezungeza umhlaba wethu, igama layo umaqubintuli**<br>*The moon orbiting our earth, its name is lunar* |
| **Moonlet** | **Inyangana** | **Izinyangana zivame ukuzungeza umzulane noma umzibamhlaba.**<br>*Moonlets usually orbit a planet or a dwarf planet.* |
| **Supernova** | **iSdanguzelakazi** | **Maduze uNdwendweni uzoqhuma aphenduke isidanguzelakazi.**<br>*Betelguese will soon explode and turn into a supernova* |
| **Blackhole** | **iSigwinqa** | **Isigwinqa sidonsa kwasani esendleleni yaso**.<br>*The blackhole sucks everything in its path.* |
| **Event horizon** | **Umlibe** | Isiwela umlibe kasibuyi neze. |
| **Emission Nebula** | **uMqongo** | **Izinkayezi zizalwa emqongweni.**<br>*Stars are born in the nebula.* |
| **Planetary nebulae** | **iGqamuko** | **Igqamuko liyindikimba esezulwini eyakhiwa izithako zohowo.**<br>*Planetary nebulae are astronomical objects made up of gaseous material.* |

ISICHAZAMAZWI SABAHUMUSHI

| | | |
|---|---|---|
| **Dark matter** | **uThonzima** | **UThonzima ulutho olungabonakali oluhlawumbiselwayo.**<br>*Dark matter is an invisible hypothetical form of matter.* |
| **Solar system** | **uZungezohlelo lwelanga** | **Uzungzohlelo lwelanga lunemizulane eyisi-8**<br>*The solar system has 8 planets* |
| **Interstellar dust/clouds** | **uThunqathunqa** | **Uthunqathunqa lwakhiwa uhowo, unyazani nomungu.**<br>*Interstellar dust is made up of gas, plasma and dust.* |
| **Sky** | **iSibhakabhaka** | **Isibhakabhaka siwudwadwakazi oluphezulu esilubona sisebusweni bomhlaba.**<br>*The sky is the expanse above viewed from the surface of the earth.* |
| **Oort cloud** | **iSingungalanga** | **Osonzululwazi bacabanga ukuthi iSingungalanga singunge ilanga.**<br>*Scientists think the Oort cloud surrounds the sun.* |
| **Kuiper belt** | **uMhlozatshe** | **Umhlozatshe ungumthapho wamabhaqanyezi**<br>*The kuiper belt is the source of comets* |
| **Asteroid belt** | **iSiyondo semihlatshana** | Phakathi kwendonsa noNotshezi, kunesiyonda semihlatshana.<br>***The Asteroid belt is between Mars and Jupiter*** |
| **Planet** | **uMzulane** | **Akusizo zonke izinkanyezi esizibona ebusuku, okunye kuyimizulane**.<br>*We don’t only see stars at night, some are planets* |
| **Mercury** | **uNomjubane** | **uNomjubane ungumzulane wokuqala kuzungezohlelo lwelanga**.<br>*Mercury is the first planet on the solar system* |
| **Venus** | **uNokhwezi** | **uNokhwezi owaziwa nangokuthi isicelankobe, umzulane wesibili.**<br>*Venus, also known as the evening star, is the second planet.* |
| **Earth** | **uMhlaba** | **Umhlaba ungumzulane onempilo esiwaziyo.**<br>*Earth is a known planet with life.* |
| **Mars** | **uNotshezi** | **Ucwaningo lukhomba ukuthi uNotshezi wake waba nemifula.**<br>*Research shows that Mars used to have rivers.* |
| **Neptune** | **uNolundwa** | **Umbala wangempela kaNolndwa, oluhlaza-lundwa ngokuphaphathekile.**<br>*Neptunes true colour is a pale shade of greenish blue.* |
| **Uranus** | **uNomakhekheba** | **Ubuso bukaNomakhekheba abunqumile, kodwa buwugqinsi lamanzi.**<br>*Uranus surface is not solid, but a dense layer of liquid.* |
| **Saturn** | **uNomaxhama** | **uNomaxhama unamayondo akhiwa izinhlayiyana ezizungezayo.**<br>*Saturn has rings made of orbiting particles.* |

| | | |
|---|---|---|
| **Jupiter** | **uMkhulukhulwana** | **Umzulane wesihlanu kusuka elangeni uMkhulukhulwana, owaziwa ngeNdonsakusa –**<br>*The fifth planet from the sun is Jupiter*. |
| **Pluto** | **uNochoko** | **uNochoko ungumzulane oyisichwe.**<br>*Pluto is a dwarf planet* |
| **Dwarf planet** | **Umzulane oyisichwe** | **Uzungezohlelo lwelanga lunemizulane esyisichwe eyithoba.**<br>*The solar system has nine dwarf planets* |
| **Ceres** | **uNomadwala** | **Abukho ubufakazi beziphilincinci kuNomadwala.**<br>*Theres no evidence of microorganisms on Ceres* |
| **Huamea** | **uNohunga** | **uNohunga umpimpiliza ngejubane eliphezulu –**<br>*Haumea spins at a high speed* |
| **Eris** | **uNogxada** | **Inkathi yozungezo lukaNogxada iyiminyaka engama-556**<br>*Eris orbital period is 556 years* |
| **Makemake** | **uNoviyo** | **Umbala kaNoviyo, ungamunwe ngathi umtshezi.**<br>*Makemake's colour is reddish-brown* |
| **Rogue planet** | **Inkengane** | **Izinkengane zeswele ilanga**<br>*Rogue planets do not have a sun.* |
| **Exoplanet** | **uMzulendle** | **Imizulendle iyimizulane engaphandle kozungezohlelo lwelanga lethu.**<br>*Exoplanets are planets outside our solar system.* |
| **Giant planet** | **Umzulane oyiqhakamela** | **Imizulane engamaqhakamela mikhulu kunomhlaba.**<br>*Gas giants are larger than earth.* |
| **Spiral galaxy** | **Umthalakazi oyingoqela** | **uMzilafasimbe ungumthalakazi oyingoqela.**<br>*The milky way is a spiral galaxy* |
| **Ring galaxy** | **Umthalakazi oyindandatho** | **Eminye imithalakazi inommomo odilingene okwendandatho**<br>*Other galaxies have a ring-like circle appearance* |
| **Elliptical galaxy** | **Umthalakazi omakhophelana** | **Ukuba makhophelana kusho ukumisa okwebhola lombhoxo**<br>*Being elliptical means being oval shaped* |
| **Irregular galaxy** | **Umthalakazi omfihlimfihli** | **Umthalakazi omfihlimfihli unabo ubumo obuhlukile obuvamile**<br>Irregular galaxies do not have a distinct regular shape |
| **Barred galaxy** | **Umthalakazi olukutu** | **Kukhona imithalakazi egoqele elukutu nemithalakzi emhihlimfihli elukutu –**<br>There are barred spiral galaxies and barred irregular galaxies |
| **Lenticular galaxy** | **Umthalakazi ogungubele** | **Umthalakazi ogungubele unenkatha, kodwa awunazingalo ezinkulu eziqogele**<br>Lenticular galaxies contain a disk, but no large spiral arms |
| **Protostar** | **Isifingo** | **Isifingo ngesintu saziwa nangokuthi isihlalukanyezi.**<br>*Protostar in isizulu is also called isihlalukanyezi* |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| **Dwarf star** | **Inkanyezi eyisithomiyana** | **Inkanyezi eyisithomiyana inobungako obuncane**.<br>*Dwarf star has a relativley small size* |
| **Blue giant star** | **Inkanyezi eyiqhakamela elilundwa** | **Izinkanyezi ezingamaqhakamelakazi alundwa zinkulu, ziyashisa futhi zigqamile.**<br>*Blue giant stars are big, hot and brightest.* |
| **Blue super giant** | **Uqhakamelakazi olundwa** | **Iphisi liyinkanyezi ewuqhakamelakazi olundwa.**<br>*Rigel is a blue supergiant star* |
| **Yellow dwarf star** | **Isithomiyana esiphuzi** | **Izithomiyana eziphuzi zishisa ihwanzi nehwelanga emnyombweni wazo.**<br>*Yellow dwarf stars burn hydrogen to helium in their core)* |
| **White dwarf star** | **Isithomiyana esimhlophe** | **Ilanga lizoba isithomiyana esimhlophe lapho liphelelwa isivamelo senuzi.**<br>*Our sun will be a white dwarf star when its nuclear fuel runs out.* |
| **Orange dwarf star** | **Isithomiyana esintshungwa** | **Isithomiyana esintshungwa sinempilo ende**.<br>*Orange dwarf stars have a long lifespan.* |
| **Black dwarf star** | **Isithomiyana esimnyama** | **Izithomiyana ezimnyama azikho nhlobo.**<br>*Black dwarf stars do not exist* |
| **Brown dwarf star** | **Inkanyezi eyisithomiyana esinsundu** | **Izithomiyana ezinsundu akucaci ukuthi izinkanyezi noma imizulane**<br>*Brown dwarf stars it's not clear they are stars or planets.* |
| **Red dwarf start** | **Inkanyezi eyisithomiyana esibomvu** | **UMzilafasimbe ugcwele izithomiyana ezibomvu**<br>*Red dwarf stars are common in the milky way* |
| **Red giant star** | **Uqhakamela obomvu** | **Lapho inkanyezi iphelelwa isivamelo sehwanzi iphenduka uqhakamela obomvu.**<br>*When a star runs out of hydrogen fuel it becomes a red giant star.* |
| **Red super giant** | **Uqhakamelakazi obomvu** | **UNdwendweni noMongo bayizinkanyezi ezingamaqhakamelakazi abomvu**<br>*Betelguese and Antares are red super giant stars* |
| **Star cluster** | **Isixheke sezinkanyezi** | **Isilimela yisibonelo sesixheke sezinkanyezi.**<br>*The Pleaides is an example of star cluster* |
| **Pulsar** | **Unyazima** | **UNyazima luphafuza imisebe yemiyonzi yenzubawonga**<br>*A Pulsar emit beams of elctromagnetic radiation* |
| **Blazer** | **Isidamuzela** | **Umthalakazi M87 unesidamuzela endenini yawo.**<br>*M87 galaxy has a blazer at its centre.* |
| **Quasar** | **Isiphinqi** | **Iziphinqi siyiminyombo edamuzayo yemithalakazi eqhebethayo.**<br>*Quasars are blazing centres of active galaxies.* |
| **Magnetar** | **Umhonyezi** | **Imihonyezi iphafuza amgu-X nemisebentathu.**<br>*Magnetars emit X-ray and Gamma rays* |

| | | |
|---|---|---|
| **Sun** | **ILanga** | **ILanga liyimbulunga yonyazani olushisayo**.<br>*The sun is a sphere of hot plasma.* |
| **Sirius** | **INdonsa** | **INdonsa inesisindo esiphindwe kabili kuneselanga.**<br>*Sirius is twice as massive as the sun.* |
| **Canopus** | **ISandulela** | **ISandulela siyinkanyezi yesibili egqamile ebusuku**<br>*Canopus is the second brightest star in the night sky* |
| **Alpha centuari** | **INkonjane** | **INkonjane uhlelonkanyezi olunezinkanyezi ezintathu**<br>*Alpha Centauri is a star system of three stars* |
| **Arcturus** | **ULwezibe** | **ULwezibe uyinkanyezi eyiqhakamela elibomvu**<br>*Arcturus is a red giant star* |
| **Vega** | **UPhalane** | **UPhalane uyinkanyezi yesihlanu egqamile ebusuku**<br>*Vega is fifth brightest star in the night sky* |
| **Capella** | **INqonqoli** | **INqonqoli iwuhlelo lwezinkanyezi ezine, amaqhakamela aphuzi amabili nezithomiyana ezibomvu ezimbili –**<br>*Capella is a system of four stars, two yellow giants and two red dwarfs* |
| **Rigel** | **IPhisi** | **Isiphelo sempilo yePhisi kuzoshiya inkanyezi yentunge noma isgwinqa –**<br>*The end of Rigel's life will leave a neutron star or a blackhole* |
| **Procyon** | **INtulwa** | **INtulwa iyinkanyezi yesiphohlongo egqamile ebusuku**<br>*Procyon is the eight brightest star in the night sky* |
| **Achernar** | **UMkhwilili** | **UMkhwilili unesisindo esiphindwe kamkhothi kuneseLanga**<br>*Achernar is seven times the mass of the Sun* |
| **Betelgeuse** | **uNdwendweni** | **UNdwendweni kulindelwe ukuba afe ngokuba yisidanguzelakazi –**<br>Betelgeuse is expected to end its life with a supernova |
| **Hadar** | **INkwenjane** | **INkwenjane iyinkanyezi egqamile ebusuku**<br>Hadar is one of the brightest stars at night |
| **Altair** | **INkwazi** | **INkwazi ayiyona imbulunga, kodwa iyisicaba emachosheni**<br>*Altair is not spherical, but flattened at the poles* |
| **Acrux** | **INkanyazimu** | **INkanyazimu iyinkanyeziningi enezigcoyi eziyisithupha -**<br>*Acrux is multiple star of six components* |
| **Aldebaran** | **UCwazibe** | **UCwazibe uyiqhakamela elibomvu okusho ukuthi upjolile kuneLanga –**<br>*Aldebaran is a red giant, meaning it is cooler than the Sun* |
| **Antares** | **UMongo** | **UMongo uyinkanyezi enephahla, ebonakala ngathi iyodwa ngeso lenyama –**<br>*Antares is a binary star, that appears a single star to the naked eye* |

| | | |
|---|---|---|
| **Spica** | **iSiqhubankomo** | **ISiqhubankomo noLwezibe noSokhisa bayisilonco sokunyonta -** *Spica along with Arcturus and Denebola form the triangle asterism* |
| **Pollux** | **ISidumukazi** | **ISidumukazi siyiqhakamela eliphuzi santshungwa** *Pollux is a cooler yellow-orange giant* |
| **Fomalhaut** | **ISengco** | **ISengco siphafuka insalela yemiyonzi yensibomvu** *Fomalhaut emits excess infrared radiation* |
| **Deneb** | **uHlokotho** | **UHlokotho uyiqhakamelakazi elilundwa, elinombala oludwa samhlophe -** *Deneb is a bluish-white, blue supergiant* |
| **Mimosa** | **INtshona** | **INtshona inesisindo esanele sokuthi iqhume okwesidanguzelakazi -** *Mimosa has enough mass to explode as a supernova* |
| **Regulus** | **iSicimamlilo** | **ISicimamlilo sibanakala sisodwa kodwa sinezinkanyezi ezine ezibhangqwe ngambili -** *Regulus appears single but it has four stars in two pairs* |
| **Adhara** | **uZukhwithi** | **UZukhwithi uyinkanyezi yesibili egqamile esishomeni iMbukisakazi -** *Adhara is the second brightest star in the constellation of Canis major* |
| **Shaula** | **uSilamamba** | **USilamamba uwuhlelo lwezinkanyezi ezintathu** *Shaula is a triple star system* |
| **Castor** | **iMpofukazi** | **IMpofukazi ibonakale iyodwa, kodwa iwuhlelo lwezinkanyezi eziyisithupha -** *Castor appears singular to the naked eye, but its sextuple star system* |
| **Gacrux** | **uNdonyazulu** | **Umbala weNdonyazulu umtshezi santshungwa** *The color of Gacrux is a prominent reddish orange* |
| **Bellatrix** | **iSikhunundu** | **Ihwanzi leSikhunundu lizophela eminyakeni eyizigidi ezimkhothi -** *The hydrogen of Bellatrix will be exhausted in seven million years* |
| **Elnath** | **uNocwazi** | **UNocwazi uqhele ngebangakukhanya eliyi-134 kusuka eLangeni -** *Elnath is 134 light years away from the Sun* |
| **Miaplacidus** | **iNkwebane** | **INkwebane seyiphelelwe ihwanzi emnyombeni walo** *Miaplacidus has exhausted the hydrogen at its core* |
| **Alnilam** | **uDuduma** | **UDuduma uyinkanyezi esesiphakathini seMpambano** *Alnilam is the middle star in the Orion's belt* |
| **Regor** | **uNomdede** | **UNomdede uyinkanyezi elukhonko ebonakala ngathi iyodwa ngeso lenyama –** *Regor is a double star that appears as a single star to the naked eye* |
| **Alnair** | **uQongqotho** | **UQongqotho unesisindo esiphindwe izikhathi ezine kuneseLanga -** *Alnair has around four times the mass of the Sun* |

| | | |
|---|---|---|
| **Alnitak** | **uMveshe** | **UMveshe uyiqhakamelakazi elilundwa esishomeni iMpambano -** *Alnitak is a hot blue supergiant in the Oion's belt* |
| **Mirfak** | **iQwaha** | **IQwaha liyingxenye yesixheke sezinkanyezi**<br>*Mirfak is part of a cluster of stars* |
| **Wezen** | **uZemani** | **UZemani uyiqhakamelakazi esishomeni iMbukisakazi**<br>*Wezen is a supergiant star in the constellation of Canis Major* |
| **Sargas** | **uMvimba** | **UMvimba undiyaza ngokushesha, okumenza abe ommumo osambhoxo -** *Sargas is rotating rapidly, giving it an oblate shape* |
| **Kaus Australis** | **uKhazamula** | **UKhazamula uyinkanyezi edingilizichopho**<br>*Kaus Australis is a circumpolar star* |
| **Avior** | **uMlilwane** | **UMlilwane awubonakali engxenyeni enkulu eseNyakatho neNkabazwe -** *Avior is not visible from most of Northern Hemisphere* |
| **Menkalinan** | **iNgongoni** | **Uzungezo lweNgongoni neLanga luyasondelana**<br>*The orbits of Menkalinan and the Sun are closing in on each other* |
| **Atria** | **uNoginganhlola** | **Inkazimuloqobo kaNoginganhlola iyefana neyamaqhakamelakazi -** *Atria's absolute magnitude is like that of super giants* |
| **Alhena** | **iMpofana** | **Inkazimulo ebonwayo yeMpofana yenza ibonakale ngeso lenyama -** *Alhena's apparent magnitude makes it easily visible to the naked eye* |
| **Peacock** | **uNhlengane** | **Izinkanyezi ezinesisindo seNhlengane azinayo indawo yomnyukakhoza –**<br>*Stars with the mass of Peacock do not have a convection zone* |
| **Alsephina** | **uNomhhoyi** | **UNomhhoyi uluhlelo lwezinkanyezi ezintathu**<br>*Alsephina is a triple system* |
| **Mirzam** | **iNqongolozi** | **INqonqolozi iyinknayezi esesishomeni iMbukisakazi**<br>*Mirzam is a star in the constellation of Canis major* |
| **Alphard** | **iHlosi** | **IHlosi lipholile kuneLanga kodwa likhulu futhi liyangwangwaza kunalo –**<br>*Alphard is cooler than the Sun but larger and luminous* |
| **Hamal** | **iNqama** | **Inkazimulo ebonwayo yeNqama yenza ibonakale ngeso lenyama –**<br>*Hamal's apparent magnitude makes it visible to the naked eye* |
| **Algieba** | **iNhlansi** | **INhlansi iyinkanyezi enephahla elinamaqhakamela abomvu amabili –**<br>*Algieba is a binary star made up of two red giants* |
| **Diphda** | **INkondlwane** | **INkondlwane iyiqhakamela elintshungwa elingwangwaza ukwedlula iLanga –**<br>*Diphda is an orange giant luminous than the Sun* |

| | | |
|---|---|---|
| Nunki | uKhazazela | **UKhazazela kulindelwe ukuba aqhume okwesudanguzelakazi esiwohloke umnyombo -** *Nunki is expected to explode in a core-collapse supernova* |
| Menkent | uKhozi | **UKhozi luxubanisa ihwelanga lube umcalahle emnyombweni walo -** *Menkent is fusing helium into carbon at its core* |
| Mirach | uMlozikazana | **Umlozikazana unobungako obuphindwe izikhathi ezingama-86 kuneLanga -** *Mirach is 86 times the size of the Sun* |
| Alpharatz | uMnono | **UMnono uyinkanyezi enephahla elizungeza eduze**<br>*Alpharetz is a binary star in close orbit* |
| Rasalhague | uKheswani | **UKheswani uyinkanyezi endiyaz ngokushesha enommumo osambhoxo -** *Rasalhague is a rapidly rorating star with an oblate shape* |
| Saiph | iNgqibi | **INgqibi yincane kunePhisi kodwa inobuso obushisayo kunalo**<br>*Saiph is smaller but hotter at is surface than Rigel* |
| Denebola | uSokhisa | **USokhisa unokungwanwaza okuphindwe izikhathi ezili-15 kuneLanga**<br>*Denebola has 15 times the sun's luminosity* |
| Algol | iDube | **IDube liwuhlelo lwezinkayezi ezintathu eliphafuka amagu-X namaZa omsakazo -** *Algol triple star system exhibits Xray and radio waves* |
| Tiaki | uQongqodo | **UQongqodo uyinkanyezi eqhakazayo ngensibomvu**<br>*Tiaki is one of the brightest stars at infrared* |
| Muhlifain | iSihuhwa | **ISihuhwa siyinkanyezi enephahla esishomeni hhashimuntu**<br>*Muhlifain is a binary star in the cetaurus constellation* |
| Aspidiske | iNkwengezi | **INkwengezi iyiqhakamelakazi elinokugwangwaza okuphansi**<br>*Apidiske is a lower luminosity supergiant* |
| Suhail | uNomphukulwana | **UNomphukulwana uxubanisa ngokushintshana ihwelanga nehwanzi –**<br>*Suhail is alternately fusing helium and hydrogen* |
| Mintaka | uNtondo | **UNtondo uyinkanyezi eqhakazayo yeishomo impambano**<br>*Mintaka is a bright star in the Orion's belt* |
| Sadr | iSihlakothi | **ISihlakothi siyingxenye yokunyonta kwezinkanyezi ezinhlanu**<br>*Sadr is part of an asterism of five stars* |
| Naos | iSithwalanyezi | **ISithwalanyezi siyiqhakamela elilundwa kuMzilafasimbe**<br>*Naos is blue supergiant in the Milky way* |
| Almach | uMlozi | **UMlozi uluhlelo lwezinkanyeziningi, olushushumbela elangeni lethu** - *Almach is a multiple star system, drifting to our* Sun |
| Izar | uDlolo | **Ngeso lenyama uDlolo lulodwa, kodwa ngesihlongamkhathi siyinkanyezi emabhangqa** – *Izar can be viewed with unaided eye, but with a telescope the binary is resolved* |

| | | |
|---|---|---|
| **Alpha Lupi** | **iDlanga** | **IDlanga inkanyezi eyiqhakamela elilundwa eqhakazayo**<br>*Alpha Lupi is bright blue giant* |
| **Dschubba** | **iNyandezulu** | **INyandezulu iqhakaza ngokufiphele**<br>*Dschubba has a weak brightness* |
| **Larawag** | **uSibindimamba** | **USibindimamba sekuyinkanyezi eyiqhakamela**<br>*Larawag is now a giant star* |
| **Ankaa** | **uThekwane** | **UThekwane uqhele ngebangakukhanya elingama-85 emhlabeni**<br>*Ankaa is 85 lightyears away from Earth* |
| **Girtab** | **iNgqedamabele** | **INgqedamabele inkanyezi eqhakazayo ebusuku**<br>*Girtab is the brightest star in the night sky* |
| **Enif** | **uLethi** | **ULethi uyiqhakamelakazi elibomvu**<br>*Enif is a red supergiant* |
| **Scheat** | **uMnguni** | **UMnguni unamazinga okushisa apholile ebusweni bakhe kunelanga**<br>*Scheat has a cool surface temperature unlike the sun* |
| **Sabik** | **uMabibini** | **UMabibini uyinkanyezi eqhakazayo ebusuku**<br>*Sabik is one of the brightest stars at night* |
| **Aludra** | **uZulucwathile** | **UZulucwathile uyiqhakamelakazi elilundwa**<br>*Aludra is a blue supergiant* |
| **Markeb** | **uNomzimane** | **UNomzimane uqhele ngebangakukhanya elingama-572 elangeni**<br>*Markeb is located 572 light years from the sun* |
| **Alphecca** | **iNcwali** | **INcwali iqhele ngebangakukhanya elingama75 elangeni**<br>*Alphecca is located 75 light years from the sun* |
| **Markab** | **UMndawe** | **UMndawe undiyaza ngokushesha, uphafuka isidlakalasi esningi**<br>*Markab is rotating rabidly, emitting too much energy* |
| **Aljanah** | **ISikhohlothi** | **ISikhohlothi ungasibona ngeso lenyama ebusuku**<br>*Aljanah is visible to the naked eye at night* |
| **Acrab** | **iCiwu** | **ICiwu liyinkanyezi enephahla esishomeni fezela**<br>*Acrab is a binary star in Scorpius constellation* |
| **Crucis** | **IMpuma** | **IMpuma iwuhlelo lwezinkanyezi eziningi olunezigcoyi eziyisithupha**<br>*Crucis is multiple star system of six components* |
| **Fang** | **uMhlangwe** | **UMhlangwe uluhlelo lezinkanyei ezintathu**<br>*Fang is a triple star system* |
| **Alniyat** | **uBhaxamamba** | **UBhaxamamba liwuhlelo olunezinkanyezi eziningi**<br>*Alniyat is a multiple star system* |

| | | |
|---|---|---|
| **Paikauhale** | **uMnqonqo** | **UMnqonqo unesisindo esiphindwe izikhathi ezili-15 kuneselanga**<br>*Paikauhale has 15 times the Suns' mass* |
| **Algenib** | **uMndiki** | **UMndiki uyinkanyezi enephahla**<br>*Algenib is a binary star* |
| **Pleiades** | **ISilimela** | **ISilimela siyisixheke sezinkanyezi ezimemezela inkathi yokulima**<br>*Pleiades is a star cluster heralding the planting season* |
| **Binary star** | **Inkanyezi enephahla** | **Inkanyezi enephahla iwuhlelo lwezinkanyezi ezimbili ezinqalwe umnyondo**<br>*Binary star is a system of two stars gravitatiomnaly bound* |
| **Barycentre** | **Uzime** | **Uzime luyinkaba yesisindo sezindikimba ezisemkhathini ezimbili kuyaphezulu**<br>*Barycentre is the centre of mass of two or more celestial bodies* |
| **Zenith** | **ukhakhayi** | **Ukhakhayi luyindawo esesibhakabhakeni ngaphezu kwengqapheli -** *Zenith is the point in the sky directly above the observer* |
| **Solar corona** | **Uvivi lwelanga** | **Uvivi lwelanga liwumoyambulunga welanga ongaphandle wonyazani olubhudlayo -** *Solar corona is the sun outer atmosphere of tenuous layer of plasma* |
| **Lunar corona** | **Uvivi lwenyanga** | **Uvivi lwenyanga liwumqhele olufasimbe ozungeza inyanga obangwa unyezi -** *Lunar corona is the hazy halo around the moon caused by moonlight.* |
| **Cosmic dust** | **Ingquba yomkhathi** | **Ingquba yomkhathi iyizinhlayiyana ezincane zotho ezisakazeke emkhathini -** *Cosmic dust is small particles of matter distribute throughout space* |
| **Cosmic rays** | **Izinhlayiyana zomkhathi** | **Izinhlayiyana zomkhathi zihamba emkhathini ngejubane elisondela kwelokukhanya -** *Cosmic rays are particles travelling through space at a speed approaching of light* |
| **Alpha ray** | **Imisebenye** | **Imisebenye iyizindululo zezinhlayiyana ezisheshayo zamachwe ayonzayo -** *Alpha rays are streams of fast-moving particles from radioactive atoms* |
| **Beta ray** | **Imisebembili** | **Imisebembili iyizinzuba nezivuma zesidlakalsi esiphezulu, nejuane eliphezulu -** *Beta rays are high-energy, high-speed electrons or positrons.* |
| **Gamma ray** | **Imisebentathu** | **Imisebenntathu iyimiyonzi yenzubawonga etwanyekayo yokubhucuka okuyonzayo -** *Gamma rays are penetrating electromagnetic radiation from radioactive decay* |
| **X-ray** | **Amagu-X** | **Amagu-X ayimiyonzi yenzubawonga yesidlakalsi esiphezulu asebenza kwezokwelapha -** *Xray is high energy electromagnetic radiation used in medicine* |

| | | |
|---|---|---|
| **Radio waves** | **Amaza womsakazo** | **Amaza womsakazo ayimiyonzi yenzuawonga anamabangacuphi amade kunesokhanya -** *Radio waves are electromagnetic radiation with wavelenght longer than visible light* |
| **Infrared** | **Insibomvu** | **Insibomvu iyimiyonzi yenzubawonga engabonakali enamabangacuphi amade –** *Infrared is the invisible electromagnetic radiation with long wavelenghts* |
| **Visible light** | **Isokhanya** | **Isokhanya liyingcosana yokukhanya ebonwa angamehlo womuntu -** *Visible light is a small portion of light human eyes can see* |
| **Astronomy** | **Umchazamkhathi** | **Umchamakhathi uyigatsha lenzululwazi lezomkhathi nomkhathilibe** *Astronomy is the branch of science dealing with space and the universe* |
| **Debris disk** | **Inkatha yesiwidi** | **Inkatha yesiwidi iyinkatha egcwele uthuli ezungeze inkanyezi** *Debris disk is the dust-dominated disk around stars* |
| **Circumstellar disk** | **Inkatha yesihaqanyezi** | **Inkatha yesihaqanyezi iwuhlobo lwenkatha yehlumelelo** *Circumstellar disk is a type of accretion disk* |
| **Scattered disk** | **Inkatha egqayingene** | **Inkatha egqayingene igqayingwe izindikimba ezincane zeqhwa** *Scattered disk is sparsely populate by icy small bodies* |
| **Accretion disk** | **Inkatha yehlumelelo** | **Inkatha yehlumelelo yakhiwa umthako ihlakazekileyo** *Accretion disk is formed by diffuse material* |
| **Eccentricity** | **Ubukhophelana** | **Ubukhophelana isilinganiso sokungabi yindingilizi** *Eccentricity is a measure not being a circle* |
| **Orbit** | **Uzungezo** | **Uzungezo ngumzila onkumbelayo ohanjwa into rjikeleza enye** *Orbit is a curved path an object takes around another* |
| **Elliptical orbit** | **Uzungezo olumakhophelana** | **Uzingezo olumakhophelana liwumzila osabhola lombhoxo owenziwa into ejikeleza enye** *An elliptical orbit is an oval shaped path an object takes around another* |
| **Geostationary orbit** | **uhelonkabazwe** | **Lolu uzungezo ngaphezu kwenkaba zwe yomhlaba ngesivinini esifanayo nesawo** *This is the orbit above the equator at the same speed as the earth* |
| **Synchronous orbit** | **Uzungezo olumbande** | **Uzungezo olumbande lwenzeka lapho uzungezo lwesivoko luhambalana nozungezo lwendikimba** *Synchronous orbit is when a satellite's orbit matches the orbit of a body* |
| **Polar orbit** | **Uzungezochopho** | **Uzungezochopho liwuzungezo lwezivoko ngamachopho womhlaba** *Polar orbit is an orbit of satellites on earths poles* |

| | | |
|---|---|---|
| **Orbital inclination** | **Umthambeko wozungezo** | **Umthambeko wozungezo usho ingoni yemizila yozungezo**<br>*Orbital inclination refers to the angle of orbital planes* |
| **Orbital eccentricity** | **Ubukhophelana bozungezo** | **Ubukhophelana bozungezo buwuzungezo olungeyona indingilizi**<br>*Orbital eccentricity is orbit different from a circle* |
| **Motion** | **Umdiki** | **Umdiki uyisimo sokuguquka kwesikhundla sento**<br>*Motion is a state of changing something's position* |
| **Proper motion** | **Umdiki ofanele** | **uMdiki ofanele uyijubane lobungoni lendikimba yezulu**<br>*Proper motion is the angular speed of a celestial body* |
| **Prograde motion** | **Umdiki oqombolayo** | **Umdiki oqombolayo ukundiyaza okufana nokwendikimba ezungezwayo**<br>*Prograde motion is a rotation like that of the orbited body* |
| **Retrograde motion** | **Umdiki ogushayo** | **Umdiki ogushayo ukundiyaza okuphambana nowendikimba ezungezwayo**<br>*Retrograde motion is a rotation opposite to that of the orbited body* |
| **September equinox** | **Inzalo yelanga** | **Inzalo yelanga yenzeka lapho ilanga lidlula inkabazwe yezulu libheke ningizimu**<br>*September equinox occurs when the sun crosses the celestial equator heading southward* |
| **March equinox** | **Isililo sikaNomkhubulwane** | **Isililo sikaNomkhubulwane senzeka lapho ilanga lifulathela ijulambo eseningizimu**<br>*March equinox occurs when the sun leaves the southern hemisphere* |
| **Solar eclipse** | **Insitholanga** | **Isimongotho sokuhlwa emini sibizwa insitholanga.**<br>*The phenomenon of the moon blocking the sun is the solar eclipse.* |
| **Lunar eclipse** | **Unyezibomvu** | **Unyezibomvu liwubufakazi bokuthi umhlaba uyimbulunga.**<br>*The lunar eclipse is proof the earth is a globe.* |
| **Radio source** | **Umthombo womsakazo** | **Umthombo womsakazo yinto ephafuza amaza womsakazo**<br>*Radio source is an object emitting radio waves* |
| **X-ray source** | **Umthombo wamagu-X** | **Umthombo wamagu-X yisithako esikhiqiza Amagu-X**<br>*X-ray source is a material producing x-rays* |
| **Carina constellation** | **Isishomo Mkhumbi** | **Isishomo umkhumbi usesibhakabhakeni esiseningizimu**<br>*Carina constellation is at the southern sky* |
| **Centaur constellation** | **Isishomo Hhashimuntu** | **Uhlelonkanyezi Inkonjane lusesishomeni ihhashimuntu**<br>*Alpha centauri star system is at Centuar constellation* |
| **Southern crux constellation** | **Isishomo iSiphambano saseNingizimu** | **Isishomo isiphambano sincane kodwa simqoka**<br>*The Southern crux is small but prominent* |
| **Orion constellation** | **Isishomo iMpambano** | **Impambano inezinkanyezi ezimbii ezigqame kakhulu**<br>*Orion has two brightest stars* |

| | | |
|---|---|---|
| **Canis Major** | **Isishomo iMbukisakazi** | **INqonqolozi noZemani izinkanyezi zeMbukisakazi**<br>*Mirzam and Wezen are stars in Canis Major* |
| **Canis Minor** | **Isishomo iMbukisanyane** | **INtulwa inkanyezi egqamile yeMbukisanyane**<br>*Procyon is the brightest star of Canis Minor* |
| **Lunar phases** | **Izimo zenyanga** | **Ziyisishiyagalombili izimo zikamaqubintuli**.<br>*There are eight lunar phases.* |
| **New moon** | **Isitime** | **Lapho inyanga efile, isuke iyisitime.**<br>*During the new moon, its colour is pitch black*. |
| **Waxing crescent** | **ithwasa** | **Ithwasa lisho ukuthi yakha kabusha iyakhula.**<br>*Waxing means its rebuilding and getting bigger.* |
| **First quarter** | **Isihhemu** | **Lapho inyanga inezingxenye ezimbili, iyisihhemu.**<br>*When the moon has two halves, it's the first quarter.* |
| **Waxing gibbous** | **Isidilingana** | **Isidilingana sisho ukuthi inyanga seyizogcwala**.<br>*Waxing gibbous means the moon will becoming full.* |
| **Full moon** | **Idindele** | **Umaqubintuli udilingene waba idindele.**<br>*Lunar is now a full moon.* |
| **Waning gibbous** | **Isidengele** | **Lapho iyisidengele, isuke isiqala ukuncipha**.<br>*The moon starts to fade on the waning gibbous.* |
| **Third quarter** | **Isicheme** | **Isicheme siyefana nesihhemu.**<br>*The third quarter is like the first quarter.* |
| **Waning crescent** | **Inhledla iyemuka** | **Inhlendla iyemuka ngaphambi kokuthi inyanga ife.**<br>*Th waning crescent comes before the new moon.* |
| **Gravity** | **uMnyondo** | **Umnyondo wento uya ngesisindo sayo**.<br>*The gravity of an object depends on its mass.* |
| **Relativity** | **Ukucakathana** | **Umchachiso wokucakathana uhlanganisa imichachiso emiili yomchazandalo.**<br>*Theory of relativity encompasses two physics theories.* |
| **Luminosity** | **Ukungwangwaza** | **Ukungwangwaza inani eliphelele lesidlakalasi senzubawonga eliphafuzwa inkanyezi**<br>*Luminosity is the total amount of electromagnetic energy emitted by a star* |
| **Asterism** | **Ukunyonta** | **Isifanelo esakhiwa iqembu lezinkanyezi siwukunyonta.**<br>*A pattern formed by a group of stars is asterism.* |
| **Eccentricity** | **ubukhophelana** | **Uzungezohlelo lwelanga alundingilizi, kepha libukhuphelana.**<br>*The solar system is not circular, but it is eccentric* |
| **Magnitude** | **Inkazimulo** | **Inkazimulo yenkanyezi eyodwa yehlukile kweyenkanyezi enye.**<br>*The brightness of one star is different to another's.* |
| | | |

| | | |
|---|---|---|
| **Apparent magnitude** | **Inkazimulo ebonwayo** | **Inkazimulo ebonwayo yeLanga kulula ukuyilinganisa.**<br>*The apparent magnitude of the SIJun is easy to measure* |
| **Absolute magnitude** | **Inkazimuloqobo** | **Inkazimuloqobo yenkanyezi iyinkazimulo ebonwayo lapho iseduze.**<br>*The stars absolute magnitude is the apparent magnitude when closer.* |
| **Lightyear** | **ibangakukhanya** | **Umzulendle osondele kuzungezohlelo lwelanga ungamabangakukhanya amane.**<br>*An exoplanet closer to our solar system is 4 lightyears away.* |
| **Gas giant** | **Uqhakamela wohowo** | **Imizulane eminingi kumkhathilibe ingoqhakamela bohowo.**<br>*Many planets in the universe are gas giants.* |
| **Titan** | **uSomusi** | **USomusi iyona kuphela inyanga esiyaziyo enoketshezi olugelezayo.**<br>*Titan is the only moon we know with flowing liquid.* |
| **Titiana** | **uMdoshiya** | **UMdoshiya uyinyanga enkulu kaNomakhekheba.**<br>*Titiana is the largest moon of Uranus.* |
| **Ariel** | **uMgenga** | **UMgenga unobuso ubuqhakaza kakhulu.**<br>*Ariel has the brightest surface.* |
| **Miranda** | **uSomgwila** | **USomgwila ugcwele imigwila ebusweni bakhe..**<br>*Miranda is full of canyons on the surface*. |
| **Umbriel** | **uSothunzi** | **USothunzi uyinyanga kaNomakhekheba elufuphi kakhulu.**<br>*Umbriel is Uranus darkest moon.* |
| **Oberon** | **uNkayishana** | **UNkayishana uhlezi egadlazwa amaqhumanyezi.**<br>*Oberon is always impacted by meteors.* |
| **Cressida** | **uNhlongwase** | **UNhlongwase uyinyanga encane kaNomakhekheba**<br>*Cressida is a small moon of Uranus* |
| **Desdemona** | **uMdabe** | **UMdabe angahle angqubuzane noNhlongwase ezigidini zeminyaka ezayo**<br>*Desdemona might collide with Cressida in coming million years* |
| **Juliet** | **uNhlatshwa** | **Imifanekiso kaNhlatshwa yathwetshulwa indizamkhathi i-Voyager yesibili**<br>*Images of Juliet were taken by Voyager 2 spacecraft* |
| **Rosalind** | **uNgqalamba** | **UNgqalamba ufana netshe eliyimbumbuthela**<br>*Rosalind looks like a conglomerate rock* |
| **Cupid** | **uMdukulu** | **UMdukulu uyiduna elisondelene noNomakhekheba**<br>*Cupid is an inner satellite of Uranus* |
| **Belinda** | **uBhokodwase** | **UBhokodwase uyinyanga emise okwezambane**<br>*Belinda is a potatoe shaped moon* |
| **Perdita** | **uNqakaqa** | **UNqakaqa uyinyanga ezungeza eduze kwaNomakhekheba**<br>*Perdita is orbiting closer to Uranus* |

| | | |
|---|---|---|
| **Ophelia** | **uNondiki** | **UNondiki ubonakala njengento eyisihohoba**<br>*Ophelia appears as an elongated object* |
| **Bianca** | **uNambase** | **Umbala wobuso bukaNambase bungwevu**<br>*Bianca's surface is grey in colour* |
| **Cordelia** | **uSothuphana** | **USothuphana uyinyanga kaNomakhekheba eseduze kakhulu**<br>*Cordelia is the innermost known moon of Uranus* |
| **Portia** | **uNdlikwase** | **UNdikwase uyinyanga yesibili enkulu eseduze**<br>*Portia is the second largest inner moon* |
| **Mab** | **uMviliba** | **Imifanekiso kaMviliba yathwetshulwa iVoyager yesibili**<br>*Images of Mab were taken by Voyager 2* |
| **Puck** | **uMphondi** | **UMphondi Inyanga yesithupha enkulu kaNomakhekheba**<br>*Puck is the sixth largest moon of Uranus* |
| **Caliban** | **uNonqukuza** | **Uzungezo lukaNonqukuza luyagusha futhi lubukhophelana**<br>*Caliban's orbit is retrograde and eccentric* |
| **Stephano** | **uNosituku** | **Uzungezo lukaNosituku cishe lwafana nolukaNonqukuza**<br>*Stephano's orbit is almost similar to that of Caliban* |
| **Fransisco** | **uMfufununu** | **UMfufununu wavubukulwa ngowezi-2021 ku-Agasti**<br>*Fransico was discovered in August 2021* |
| **Tranculo** | **uMqhwambasi** | **UMqhwambasi kungenzeka wayengumhlabana ngaphambili**<br>*Tranculo might have been an asteroid before* |
| **Sycorax** | **uSogingqane** | **USogingqane uyinyanga eyathunjwa**<br>*Sycorax is a captured moon* |
| **Margaret** | **uNonguzunga** | **Uzungezo lukaNonguzunga lulawulwa ukuthantatha komzulane**<br>*Margaret's orbit is subject to planetary pertubations.* |
| **Prospero** | **uSompikiza** | **USompikiza wavubukulwa ngoJulayi 1999**<br>*Prospero was discovered in July 1999* |
| **Setebo** | **uGamungana** | **UGamungana uyinyanga endiyaza ngokushesha**<br>*Sotebo is a fst rotating moon* |
| **Ferdinand** | **uNodunjwase** | **Uzungezo lukaNodunjwase lumthambeko futhi llubukhophelana**<br>*Ferdinand's orbit is inclined and eccentric* |
| **Mimas** | **uMbayiyana** | **UMbayiyana uyinyanga enezigqabhozi eziningi.**<br>*Mimas is a heavily cratered moon.* |
| **Tethys** | **uMshaza** | **UMshaza uyinyanga enomfantu ondingilizayo.**<br>*Tethys is a moon with a fissure on its circumference.* |
| **Enceladus** | **uNoqhwahla** | **UNoqhwahla uyinyanga encane etshaza izinhlayiyana zeqhwa.**<br>*Enceladus is a small moon with jets spewing ice particles.* |

| | | |
|---|---|---|
| **Dione** | **iSithwathwala** | **ISithwathwala siyinyanga enkulu kaNomaxhama.**<br>*Dione is the largest moon of saturn.* |
| **Rhea** | **uMthwathwa** | **UMthwathwa uyindikimba encinyane kuzungezohlelo lwelanga.**<br>*Rhea is the smallest body in the solar system.* |
| **Iapetus** | **uSonguxu** | **USonguxu unemibala emibili.**<br>*Iapetus has two colours* |
| **Janus** | **uMjaqaba** | **UMjaqaba uyinyanga esondele kuNomaxhana**<br>*Janus is an inner moon of Saturn* |
| **Prometheus** | **uNjengetshe** | **UNjengetshe unezigqabhozi zokugadlzeka izinkalo nezigoxi**<br>*Prometheus has ridges, valleys and impact craters* |
| **Epimethues** | **uMaqhoqho** | **UMaqhoqho uzungeza ngomzila ofanayo noMjaqaba**<br>*Epimetheus occupies the same orbit as Janus* |
| **Helene** | **uQhagana** | **UQhagana waqala ukubonwa kusuka eMhlabeni ngowe-1980**<br>*Helene was initially observed from Earth in 1980* |
| **Hyperion** | **uSompensu** | **USompensu uyinyanga yesiphohlongo enkulu kaNomaxhama**<br>*Hyperion is the eighth largest moon of Saturn* |
| **Methone** | **uMshiphilizana** | **UMshiphilizana umise okweqanda futhi ubushelezi**<br>*Methone is shaped like an egg and very smooth* |
| **Pandora** | **uMphiliza** | **UMphiliza uneziggqabhozi zokugadlazeka ezinkulu ezimbili**<br>*Pandora has two big impact craters* |
| **Calypso** | **uMfusatshe** | **UMfusatshe akanawo ummumo futhi unezigqabhozi**<br>*Calypso is irregularly shaped and has craters* |
| **Triton** | **uSokhephu** | **USokhephu unozungezo olugushayo.**<br>*Triton has a retrograde orbit* |
| **Naiad** | **uNomhlanjana** | **UNomhlanjana uyinyanga eseduze kakhulu noNolundwa**<br>*Naiad is the innermost moon of Neptune* |
| **Thalassa** | **uSigxobana** | **USigxobana inyanga yesibili eseduze noNolundwa**<br>*Thalassa is the second innermost moon of Neptune* |
| **Despina** | **uSikhonyana** | **USikhonyana wavubukulwa ngoJulayi 1989**<br>*Despina was discovered in July 1989* |
| **Galatea** | **uShemana** | **UShemana uyiduna lesine eliseduze noNolundwa**<br>*Galatea is the fourth closest inner satellite of Neptune* |
| **Larissa** | **uDayingubo** | **UDayingubo uyinyanga esemayondweni ayisilakalaka kaNolundwa**<br>*Larissa is found near Neptune's faint rings* |
| **Hippocamp** | **uMphepha** | **UMphepha useduze ngokuxakile noSoshangane**<br>*Hippocamp is unusually close to Proteus* |

| | | |
|---|---|---|
| **Proteus** | **uSoshangane** | **USoshangane uyinyanga kaNolundwa engeyesibili ngobukhulu**<br>*Proteus is the second-largest Neptunian moon* |
| **Nereid** | **uNombengula** | **UNombengula unozungezo olubukhophelana kuzungezohlelo lwelanga**<br>*Neried has an eccentric orbit in the solar system* |
| **Halimede** | **uMbenjwa** | **Inyanga UMbenjwa inozungezo olugushayo**<br>*Halimede has a retrograde orbit* |
| **Sao** | **uSomaphunga** | **USomaphunga wavubukulwa ngowezi-2022**<br>*Sao was discovered in 2022* |
| **Laomedeia** | **uNtombazi** | **UNtombazi ungenye yezinyanga ezincane zikaNolundwa**<br>*Laomedeia is one of the small moons of Neptune* |
| **Psamathe** | **uNtombazana** | **UNtombazana uyinyanga engeyona imbulungana**<br>*Psamathe is a non-spherecial moon* |
| **Neso** | **uNqabeni** | **UNqabeni uyinyanga yesibili eqhelelene noNolundwa**<br>*Neso is the second distand moon of Neptune* |
| **Callisto** | **uSomkhence** | **USomkhence mkhudlwana kunomaqubintuli**.<br>*Callisto is bigger than Lunar* |
| **Ganymede** | **uNqweqwana** | **UNqweqwana uyinyanga enkulu kaMkhulukhulwana**<br>*Ganymede is the largest moon of Jupiter* |
| **Lo** | **uSontshaba** | **USontshaba uyinyanga etshaba umlilo kakhulu.**<br>*Lo is the most volcanically active moon* |
| **Europa** | **uMshululuza** | **UMshululuza uyabonakala ngezibonakude usemhlabeni.**<br>*Europa can be observed from earth with binoculars.* |
| **Soul nebula** | **umqongo Phefu** | **Umqongo Phefu useduze nomqongo Gqebe**<br>*Soul nebula is closer to Heart nebula* |
| **Butterfly nebula** | **Umqongo Vemvane** | **Umqongo Vemvane uyigqamuko elinamachopho amabili**<br>*Butterfly nebula is a bipolar planetary nebula* |
| **Ghost nebula** | **Umqongo Mungcwi** | **Umqongo Mungcwi ufana nefu elizungeze inkanyezi efayo**<br>*Ghost nebula is like a cloud surrounding a dying star* |
| **Bubble nebula** | **Umqongo Bhanyaza** | **Umqongo Bhanyaza umise okwembulunga yebhamuza**<br>*Bubble nebula is shaped like a bubble sphere* |
| **Ring nebula** | **Umqongo Ndandatho** | **Umqongo Ndandatho uyigqamuko lenkanyezi efile**<br>*Ring nebula is a planetary nebula of a death star* |
| **Heart nebula** | **Umqongo Gqebe** | **Umqongo Gqebe ungumqongo ophafuza uthunqathunqa**<br>*Heart nebula is an emission nebula of gas and dust clouds* |
| **Eagle nebula** | **Umqongo Khozi** | **Isithombe Izinsika zokuphila ziveza ingxenye yomqongo Khozi**<br>*Pillars of creation photograph shows a part oof Eagle nebula* |

| | | |
|---|---|---|
| **Tarantula nebula** | **Umqongo Magendane** | **Umqongo Magendane unezixheke zezinkanyezi ezimbalwa**<br>*Tarantuloa nebula contains several star clusters* |
| **Helix nebula** | **Umqongo Nsonge** | **Umqongo Nsonge uyefana nemiqongo Solengobe neNdandatho**<br>*Helix nebual is similar to Rind and Cats eye nebulae* |
| **Cat's eye nebula** | **Umqongo Solengobe** | **Umqongo Solengobe uyigqamuko elijijayo**<br>*Cat's eye nebula is planetary nebual that is expanding* |
| **Orion nebula** | **Umqongo Mpambano** | **Umqongo Mpambano ungawubona ngeso lenyama ebusuku**<br>*Orion nebula can be seen at night with the naked eye* |
| **Omega nebula** | **Umqongo Khahlamba** | **Umqongo Khahlamba unothe kakhulu ngezinkanyezi kuMzilafasimbe**<br>*Omega Nebula is the richest starfield of the Milky way* |
| **Boomerang nebula** | **Umqongo Buyambo** | **Umqongo Buyambo uzophenduka igqamuko maduzane**<br>*Boomerang nebual will soon turn into a planetary nebula* |
| **Telescope** | **Isihlongamkhathi** | **Ihlongamkhathi siyisiklamo esisetshenziselwa ukuhlonga izinto ezikude**<br>*A telescope is a device used to detect distant objects* |
| **Rocket** | **Isicibamkhathi** | **Isicibamkhathi siyisithuthi esiwumdada sokundiza esiseenzisa isilumbamdiki sesicibamkhathi ukuzishushisa**<br>*A socket is an elongated flying vehicle that uses a rocket engine to accelerate* |
| **Spaceship** | **Umkhumbimkhathi** | **Umkhumbimkhathi uyisithuthi esindiza kumoyambulunga woMhlaba nasekhathingeni**<br>*A spaceship is a vehicle that fly in Earths atmosphere and in outer space* |
| **Spacecraft** | **Indizamkhathi** | **Indizamkhathi yisithuthi esiklanyelwe ukundiza emkhathingeni –** *A spacecraft is a vehicle that is designed to fly and operate in outer space* |
| **Space capsule** | **Imboma yasemkhathini** | **Imboma yasemkhathini iyindizamkhathi eklanyelwe ukuthwala intutho noma abatilosi ukuya nokubuya emkhathini -** *A space capsule is a spacecraft designed to transport cargo or astronauts to and from space* |
| **Artificial Satellite** | **Isivoko** | **Isivoko siyindizamkathi ebekwa ozungezweni lwendikimba yomkhathi**<br>*A satellite is a spacecraft, placed into orbit around a celestial body* |
| **Natural satellite** | **Iduna** | **Iduna liyindikimba yomkhathi ezungeza umzulane noma umzulane oyisichwe -** *A natural satellite is an astronomical body that orbits a planet, dwarf planet* |
| **Space station** | **Isigculo sasemkhathini** | **Isigculo sasemkhathini yisithuthi esihlala sizungeza emkhathini**<br>*A space station is a spacecraft which remains in orbit* |